IBhayibheli LaBantwana

Likulethela



Inkosi EHlakaniphile USolomoni

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Lazarus; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

INkosi uDavide yayiyindoda enkulu kaNkulunkulu. Phakathi nokubusa kwakhe, u-Israyeli wayekhule ngokuphindwe kashumi kunombuso weNkosi uSawule.

Kodwa manje wayengasakwazi ukubusa. UDavide wayesemdala. Futhi ekhathele! Futhi egula! Ukuphila kwakhe emhlabeni kwase kuzophela.

Enye yamadodana amaningi kaDavide, u-Adoniya, watshela abantu bakwa-Israyeli ukuthi manje uzoba inkosi. Nakuba igama lakhe lisho ukuthi "INkosi yami inguNkulunkulu," u-Adoniya wayengeyena umuntu olungile. Wazama ukweba isihlalo sobukhosi, azi ukuthi uDavide wayebuthakathaka kakhulu ukuba angamelana naye. Kodwa uNkulunkulu wayenamanye amacebo!

UmkaDavide uBati Sheba wayazi ukuthi indodana yakhe uSolomoni kufanele ibe inkosi. Watshela uDavide ngamacebo ka-Adoniya. Njengoba ayegula, uDavide wabutha abaholi bakhe futhi wambeka obala uSolomoni inkosi yakwa-Israyeli.



USolomoni akabange esaba nenkinga ngo-Adoniya, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli bakholwa nguDavide. UDavide wabatshela ukuthi uSolomoni nguye uNkulunkulu ayemkhethile ukuthi abe yinkosi yabo. Ngokushesha ngemva kwalokho, uDavide wafa.





Ngaphambi kokuba uDavide afe, wakhuluma noSolomoni ngokulalela uNkulunkulu nokuba inkosi elungile. “Hamba ezindleleni zikaNkulunkulu, ukuze uphumelele kukho konke okwenzayo,” uDavide watshela indodana yakhe. Kwakuyiseluleko esihle leso! USolomoni wayesehlala esihlalweni sobukhosi sikayise uDavide, umbuso wakhe waqiniswa.

Ngobunye ubusuku, uSolomoni waphupha. Ephusheni lakhe, uNkulunkulu wabonakala kuye, wathi, "Cela! Ubungacelani?" Ubungacelani?

USolomoni wacela ukuhlakanipha ukuze abe inkosi elungile. Isicelo senkosi esencane samjabulisa uNkulunkulu. USolomoni wakuthola akucelayo-kodwa uNkulunkulu wamthembisa ingcebo nodumo olukhulu.

Akuzange kuthathe isikhathi eside ukuthi abantu bathole ukuhlakanipha kukaSolomoni. Ngolunye usuku, kwafika omama ababili phambi kwakhe, benomntwana oyedwa. "Indodana yalo wesifazane yashona ebusuku, wabe eseshintsha ingane yakhe efile wathatha eyami ephilayo," kusho enye intokazi. "Cha! Kodwa ophilayo indodana YAMI, ofileyo indodana yakho" kusho enye intokazi. Inkosi yayizokwazi kanjani ukuthi yimuphi umama weqiniso?

Inkosi yathi, “Ngiletheleni inkemba.” Baletha inkemba phambi kwenkosi. Ucabanga ukuthi inkosi yayihlela ukwenzani ngenkemba?



Inkosi yasisithi, Dabulani phakathi umntwana ophilayo, ninike omunye ingxenye, nomunye. Wayesethi unina womntwana ophilayo, "Nkosi yami, mnikeni yena umntwana ophilayo, ningambulali nakanye."

Kodwa omunye wathi,
Kangabi ngowami
noma owakho, kodwa
mehlukanise.

Inkosi yasisithi, “Nika umfazi wokuqala umntwana ophilayo. Nguye unina.” Wonke u-Israyeli wezwa isahlulelo, bayihlonipha kakhulu inkosi. Babona ukuthi ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kwakukuye.

Abantu bakwa-Israyeli babengenalo ithempeli lokukhulekela uNkulunkulu. Lapho uDavide ehlela ukwakha uNkulunkulu wayethe, “Indodana yakho iyokwakhela iGama lami indlu.”

Ngakho uSolomoni waqala ukwakha ithempeli elimangalisayo eJerusalema.

Kwathatha iminyaka eyisikhombisa ukwakha ithempeli. Kodwa kwafika usuku olukhulu lapho bonke babuthana ukuze bazolalela uSolomoni enikezela



ithempeli kuJehova.

Ngemva komthandazo
omangalisayo, inkosi
nabantu banikela
ngezinkulungwane
zemihlatshelo
futhi baba
nedili

elikhulu
amasonto amabili!

Ngemva kwalokhu,
uNkulunkulu waphinde
wabonakala kuSolomoni
futhi wathembisa
ukumbusisa yena no-Israyeli
inqobo nje uma belalela
uJehova.

Ngokudabukisayo, uSolomoni noba abantu bakwa-Israyeli abazange bamlalele uNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Inkosi yashada nabesifazane abaningi uNkulunkulu ayengafuni ishade nabo. Abafazi bakhe bezizwe baphendulela inhliziyo yakhe ekulandeleni izithombe; inhliziyo yakhe yayingekho kuJehova uNkulunkulu wakhe njengenhliziyo kaDavide uyise.

Ngenkathi uSolomoni echitha ithuba lakhe lokulalela uNkulunkulu, esinye sezikhulu zakhe uJerobowamu saba nesenzakalo esiyinqaba. Umprofethi wamtshela ukuthi uNkulunkulu uzohlukanisa umbuso kaSolomoni futhi uJerobowamu uzobusa phezu kwezizwe eziyishumi kweziyishumi nambili. Ngokushesha uJerobowamu wabalekela eGibhithe.



Wayazi ukuthi uSolomoni uzombulala uma engahlala.



Ekugcineni uSolomoni wafa. Indodana yakhe, uRehobowamu, yakhokhisa abantu ngokubi kakhulu kunoSolomoni. Izizwe eziyishumi zahlubuka - futhi zakhetha uJerobowamu ukuba abe umholi wazo.

Umbuso omkhulu kaSolomoni wahlukana kabili, njengoba nje umprofethi kaNkulunkulu ayeshilo. UNkulunkulu akakwazi ukubusisa ukungalaleli!

Inkosi EHlakaniphile USolomoni

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

1 AmaKhosi 1-12

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16